**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**

**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWEBELE**
**IZINGA ELIPHANSI**
**(Iphepha Lesithathu)**

**ISIKHATHI: 2 amahora**

**IMIKLOMELO: 80**

**IMIYALO:**

- Leli phepha linezigaba ezintathu: A, B noC.
- Esigabeni A phendula umbuzo owodwa vo.
- Esigabeni B phendula imibuzo emibili, kanti kusigaba C ulindeleke ukuphendula umbuzo owodwa kuphela.
- Izinombolo zezimpendulo mazihambelane nezemibuzo.

## ISIGABA A

### UMBUZO 1

### UKUBHALWA KWENDABA


Khetha isihloko ESISODWA ubhale ugcwalise amakhasi AMABILI.

1.1 Kwakufanele ngisithathe lesi sinqumo nakuba isiphetho kungukufa.

1.2 Pe! Waphela umdlalo.

1.3 Amasu okwakha imali.

1.4 Bhala indaba ngalo mfanekiso.



1.5 Phila ngokuzethemba nengculazi kanye nesandulela-ngculazi.

1x30 = (30)

**IMIKLOMELO YESIGABA A: [30]**

## ISIGABA B

### UMBUZO 2

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ikhasi ELILODWA vo:

2.1 **Incwadi yaseMthethweni.**

Bhalela umhleli wephephandaba i-Afrika incwadi umcele akufunise umzala wakho oduke ngesonto eledlule. Mchaze ukuze kucace kunoma ngubani, kube yilowo nalowo okufundayo lokhu kuchaza akwazi ukwakha umfanekiso engqondweni womuntu odukile. (15)

2.2 **Incwadi yobungani.**

Bhalela umngani wakho incwadi umazise ngentsha ephethwe yisifo sengculazi nokuthi kungani kufanele uphumele obala uma sewazi ukuthi unaleli gciwane.

2.3 **Indabambiko.**

Bhalela uThishanhloko indabambiko umazise ukuthi ufisa uMnyango wezeMfundo ubukeze udaba lwabafundi abafunda bekhulelwe. Bhala iziphakamiso ezizokwenza lolu daba luqhutshekiselwe phambili kwabakha umthetho wezwe.

2.4 **Amaminithi omhlangano.**

Umndeni wakini ubuhlangene kudingidwa udaba lokuyothumela abakhongi bayolobola kwaMkhize. Wena ubuceliwe ukuba ubhale amaminithi alowo mhlangano: senekele wona ngobunyoninco. 1x15 = (15)

### UMBUZO 3

Khetha isihloko ESISODWA kwezingezansi ubhale ngaso. Bhala ikhasi ELILODWA. vo.

3.1 **Uhlelo lokuzazisa**

AboMnyango weMfundo ezilimini zomdabu badinga umuntu ophase ibanga leshumi okhuluma nofunde isiZulu azosebenza kulolu phiko. Thumela uhlelo lwakho lokuzazisa kubona.

3.2 **Isikhangisi**

Khangisa ngezindlu ezihlala abavakashi esifundazweni saseGauteng, ukuze abavakashi baheheke, beze bazohlala kuzona okwesikhashana. 1x15 = (15)

**IMIKLOMELO YESIGABA B: [30]**

## ISIGABA C

### UMBUZO 4

Phendula umbuzo OWODWA kulesi sigaba.

*INKOSI YINKOSI NGABANTU* – C.T. MSIMANG

4.1 Phendula imibuzo elandelayo:

4.1.1 Buyini ubuciko bomlomo? (2)

4.1.2 Uyini umlolozelo? (2)

4.1.3 Nikeza imisebenzi EMINE yezaga. (4)

4.1.4 Zibaluleke ngani iziphicaphicwano? Nikeza OKUTHATHU. (3)

4.1.5 Qondanisa u-A nomaqondana ku-B.

| | A | B | |
|---|---|---|---|
| (a) | inkondlo yokutusa emfishanyana noma ende | isithakazelo | (1) |
| (b) | Isosha sokuzithokozisa nokuqeda isizungu Sishiwo ngabantwana bedlala | inganeko | (1) |
| (c) | Lena ikhuluma ngokudabuka kwezinto, inkolo noMvelinqangi | izibongo | (1) |
| (d) | Igama likakhokho othile ohlotsheni lolo | isiphicaphicwano | (1) |
| (e) | Umbuzo onemfumbe okumele labo aba-wubuzwayo baqagele. | isilandelo | (1) |

4.1.6 Inganekwane ethi **Inkosikazi Esenyangeni** iyinganeko. Nikeza amaphuzu AMABILI afakazela lokho. (2)

4.1.7 Nikeza izimpawu ezimbili zezisho. (2)
**[20]**

**NOMA**

4.2 Xoxa ngezimpawu zensumansumane ezitholakala enganekwaneni. Sebenzisa izibonelo ezisenganekwaneni. **[20]**

**NOMA**

**Pheqa ikhasi**

## UMBUZO 5

## IZINDABA EZIMFISHANE

*UMLABALABA* – O.E.H.M. NXUMALO

5.1 Funda lesi sigaba esilandelayo, bese uphendula imibuzo ezolandela:

**Impimpi**

> Ayiphethe inkulumo yakhe uSokhele. Kuthi woklo ihlombe lokwenanela. Afingqe isibhakela. Aphakamise ingalo. Ampongoloze kakhulu esho lesi siqubulo esifudumalisa igazi. Kudume indlu yonke. Aphinde futhi. Useyajuluka manje, usho kuze kuqhanse imithambo entanyeni.
>
> Lumshaye kancane uvalo uKhumbulani uma ezwa ukuthi sekuyilo ithuba lemibuzo nokuphawula. Kungcono aqale azindele nokho kekuphakamise idlanzana, bese kuba yima ephakamisayo-ke. Kazi kuzokwenziwa njani uma esesukumile. Akakungabazi nokho okuzokwenzeka. Uyabazi phela laba bantu kalufakwa.

5.1.1 Ngubani impimpi kule ndaba? (1)

5.1.2 Nhloboni yomhlangano obanjwe lapha? Usho ngani? (3)

5.1.3 Yini eyenza uKhumbulani ashaywe uvalo uma enikezwa ithuba lokuphawula? (2)

5.1.4 Bambona ngani uXolani ukuthi uyimpimpi? (2)

5.1.5 Wajeziswa kanjani uXolani njengoba kutholakele ukuthi uyimpimpi? (4)

5.1.6 Ngubani owashutheka isiqophamazwi esikhwameni sikaXolani? (2)

5.1.7 Wayethunywe ngubani ukushutheka isiqopha mazwi lowo? (2)

5.1.8 Sizathu sini esenza ukuba uXolani asuswe? (2)

5.1.9 Kuchazani ukuthi 'Kalifakwa'? (2)
**[20]**

**NOMA**

**Isikhala sokufundela ubuthishela**

5.2 Xoxa ubhekise kule ndaba emfishane uveze ukuthi umlobi uphumelele yini ukuyilandela le migomo engezansi:

5.2.1 Kufanele idingide isigameko esisodwa. (10)
5.2.2 Ibe nesiphetho esingalindelekile (ingwijikhwebu). (10)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA C: [20]**

**IMIKLOMELO ISIYONKE: 80**

**LIPHELELE**